UMBHALO NGOKWESIGABA 14 OMAYELANA NOKUKHUTHAZA UKUFINYELELEKA KOLWAZI, 2000 (" uMthetho")

IBHODI YABABHALI BAMA-AKHAWUNTI NABACWANINGI BOMPHAKATHI BAMA-AKHAWUNTI

1. UKWAKHEKA NEMISEBENZI *[Isigaba 14(1)(a)]*

IBhodi yabaBhali bama-Akhawunti nabaCwaningi bama-Akhawunti, (*The Public Accountants' and Auditors' Board)* ("PAAB") iyinhlangano ephathelene nomthetho nehambisa ngokomthetho eyamiswa ngokoMthetho 51 wangaphambilini ka-1951 (*Public Accountants' and Auditors' Act 51 of 1951)* futhi, ebukhona bayo busaqhubeka ngokoMthetho 80 ka-1991 wabaBhali bama-Akhawunti nabaCwaningi bama-Akhawunti (*Public Accountants' and Auditors' Act 80 of 1991)* ("PAA Act").

I-PAAB iqukethe iminyango elandelayo: Isigungu esiphethe, EzoMthetho, EzemFundo nezokuQeqesha, AbezokuBukeza neNkambiso kanye neziL inganiso zokuBukeza.

Izinhloso ze-PAAB, njengoba kukhonjisiwe kusingeniso soMthetho 80 ka-1991, kungukubhalisa ababhali bama-akhawunti nabacwaningi bama-akhawunti omphakathi, ukuhambisa ngokomthetho ukuqeqeshwa kwababhali bama-akhawunti nabacwaningi bamaakhawunti kanye nokuphatha izindaba izixhumene nalokhu. Umsebenzi we-PAAB, njengoba kubekiwe kuNhlosomgomo wayo kunguku:

* ukunikeza izindlela nohlaka oluhambisana ngokomthetho ukufundiswa nokuqeqeshwa kwesibalo esilingene sababhali bama-akhawunti nabacwaningi bama-akhawunti abanekhono nabafundisekile, ukugcina izidingo zaseNingizimu Afrika;
* ukuzama njalo ekugcinweni nasekuthuthukisweni kwezilinganiso zamababhali-bama-akhawunti nabacwaningi bama-akhawunti ababhalisiwe;
    - Ukuvikela nokuxhasa ababhali bama-akhawunti nabacwaningi bama-akhawunti ababhalisiwe abenza imisebenzi yabo ngendlela edingekayo, ngaphandle kokwesaba nangokwethembeka..

2. IMININGWANE YOKUXHUMANA *[isigaba 14(1)(b)]*

I-Maneo
7 Ernest Oppenheimer Avenue
Bruma
Johannesburg

P O Box 751595
Garden View
2047

Ucingo: (011) 622-8533

Ifeksi: (011) 622-4029

i-imeyili: board@board.co.za

Iwebhusayithi: www.paab.co.za

Isiphathimandla sezolwazi: Mnu. ACB O'Flaherty
Iphini lesiPhathimandla sezoLwazi: Ms P J O'Connor, Ms A Vest Louw, Ms J Bailey no-Ms K Lauf.

Siphinde sibe nabo okuyibona abasimele endaweni (kodwa hhayi iziphathimandla zezolwazi) kulezi zindawo:

EKapa:

11th floor The Pinnacle Cnr Strand & Burg Streets Cape Town	P O Box 4484 Cape Town 8000
Ucingo: (021) 423-3938	Ifeksi: (021) 423-3974

EBlumfonteni:

62 McHardy Avenue Brandwag Bloemfontein	P O Box 408 Bloemfontein 9300
Ucingo: (051) 444-0096	Ifeksi: (051) 444-0097

EWestville:

20 Westville Road Westville	P O Box 1098 Westville 3630
Ucingo: (031) 267-1842	IFaksi: (031) 267-1838

3. UMHLAHLANDLELA NGOKWESIGABA 10 SOMTHETHO *[Isigaba 14(1)(c)]*

Umhlahlandlela omayelana nokusebenzisa amalungelo abekwe kulo Mthetho angatholwa kuKhomishana lamaLungelo esiNtu, ngazo zonke izilimi ezisemthethweni. Imibuzo ingabhekiswa kuKhomishana kuleli kheli:

	Private Bag 2700 Houghton 2041
Ucingo:	(011) 484-8300
Ifeksi:	(011) 484-0582
Iwebhusaythi:	www.sahrc.org.za
i-meyili:	paia@sahrc.org.za

4. AMALUNGISELELO ESICELO SOKUFINYELELEKA KOLWAZI, IZIHLOKO I-PAAB EGCINA NGAZO AMAREKHODI NEZINHLOBO ZAMAREKHODI AGCINIWE *[Isigaba 14(1)(d)]*

Ulwazi olungatholakali masinyane njengoba kubonisiwe kupharagrafu 5 wale ncwadi, lungacelwa kulandelwa indlela emiswe kusigaba 18 soMthetho, kumafomu anqunyelwe ukwenza lokhu. Amakhophi wefomu elinqunyelwe ukusetshenziswa (iFomu A) kanye nohlu lwezimali ezifanele okumele zikhokhwe kuyatholakala e-PAAB. Futhi

kushicilelwe nakuGazethe kaHulumeni kanti kutholakala kuKhomishana lamaLungelo esiNtu.

Abafundi mabaqaphele ukuthi ukufakwa kwanoma iyiphi isihloko esidingidwayo noma uhlobo lwamarekhodi makungathathwa njengento akhombisa ukuthi lawo marekhodi okubhekiswe kuwo azotholakala ngenkasthi ecelwa. Kokunye, kungahle kube khona izizathu ezifanele zokwenqatshwa kwaleso sicelo, njengokuba kubekiwe eMthethweni

Isigungu esiphethe:

Izihloko	**Imikhakha yolwazi**
Ibhodi nemihlangano yebhodi	Imininingwane yamalungu ebhodi
	Ama-ajenda
	Irejista yalabo ababekhona
	Izinqumo ezithathiwe
	Amaminithi emihlangano
	Imibono eyatholakala
	Ukulobelana, amamemorandamu, izethulo
Amakomidi ebhodi nemihlangano yebhodi	Imininingwane yamalungu ekomidi
	Ama-ajenda
	Irejista yalabo ababekhona
	Izinqumo ezithathiwe
	Amaminithi emihlangano
	Imibono eyatholakala
	Ukulobelana, amamemorandamu, izethulo
Izincwadi zezindaba	IManeo okuyincwadi yezindaba etholakala izikhathi ezine ngonyaka
Iwebhusayithi	Ukuthungatha kwelungu – uwathungatha kanjani ama-RAA kanye namafemu abhalisiwe acwaninga ama-akhawunti
	Okomthetho – uMthetho we-PAA , Indlela Yokuziphatha Efanele ngokwesiKhundla, Imithetho Yokuqondisa Izigwegwe, Indlela okumele isetshenziswe uma kufakwa isikhalo
	Ukubhalisa – Indlela okumele isetshenziswe uma kubhaliswa njenge-RAA, lokhu kubandakanya amafomu okufaka isicelo

	Ukufundisa Nokuqeqesha – ulwazi jikelele olumayelana nokuthi umuntu angaba yi-RAA kanjani, kubandakanye nemininingwane emayelana nokuhlolwa kanye nemithetho
	Ukubukezwa kwenkambiso – imininingwane emayelana nezindlela ezahlukene zokubuyekezwa - imininingwane emayelana nezinkambiso zokubukeza ezinhlobonhlobo
	Izilinganiso zokuhlola ama-akhawunti – ukukhishwa kokucwaningwa kwama-akhawunti, izincwadi ezisalungiswa, ikhalenda, izindawo lapho kutholakale khona okukhulunywe ngakho kanye nemininingwane yemisebenzi/yamaphrojekthi asenziwa manje.
	Izindaba – izinto ezahlukene abantu abangathanda ukwazi ngazo kubandakanya imibiko yabezindaba kanye namakhophi e-Maneo
	Imininingwane yabaqondisi - yabasebenzi nalabo abamele abanye endaweni
Umbhalo woLwazi “Imihlahlandlela yabaBhali bama-Akhawunti nabaCwaningi bama-Akhawunti” ababhalisile isatshalaliswa minyaka yonke yi-PAAB	Umthetho we-PAA
	Ukukwazi ukubona izinhlelo ezimayelana nokuthola indlela yokufunda eyisa ekubhaliseleni njenge-RAA
	Imithetho yokuqondisa izigwegwe
	Kanye nenkambiso yokuziphatha
	Ukubukezwa kwenkambiso
	Izilinganiso zokuhlola ama-akhawunti
	Izimali ezikhokhelwa I-PAAB
	Amasekhyula ajwayelekile
Imibiko yonyaka	Amalunga nonobhala be-PAAB
	Umbiko kasihlalo
	Imininingwane yezibalo eziphathelene nesimo sezinto – ama-RRA, ababhali bama-akhawunti abasaqeqeshwa
	Imibiko elethwa osihlalo bamakomidi
	Izitatimende zemali zonyaka ezicwaningiwe

Ezezimali ze-PAAB	Izabelo zezimali
	Amarekhodi ezama-akhawunti
	Ama-akhawunti abaphathi
	Iregista yempahla engenakususwa
	Imininingwane yama akhawunti asebhange
Ukuphatha	Imigomo yomshwalense
	Amatayitela nezivumelwano zokuqashiswa Isimo semali yentela se-PAAB,
	Imininingwane yabathumelimpahla yezinsiza ezinikezwayo ezahlukahlukene, izikontileka nezivumelwano zamalayisense
	Amakhophi abhayindiwe wamajenali ahlukahlukene obungcweti
Umtapo wezincwadi nendawo lapho kubekwa khona amarekhodi nemilando	Amathisisi namadesitheshini anezihloko eziphathelene ne-akhawunthingi nokucwaningwa kwama-akhawunti
	Amafayela aqukethe ulwazi ngezinye izinhlangano zobungcweti zezokuphathelene nama-akhawunti
	Amafayela aqukethe ulwazi ngezinye izinhlangano zezama-akhawunti
	Amafayela aqukethe ulwazi ngomthetho ongaba nomthelela ku-PAAB noma kulo msebenzi
	Amafayele okusebenza mayelana nenguquko kuMthetho we-PAA
	Inhlanganisela yezithombe zabantu nezezindawo ezinokuhamelana okuthile nomlando we-PAAB
	Umqulu omncane owumlando we-PAAB futhi oshicilelwe ngosuku lokugujwa kwesikhumbuzo wonyaka ongama-50
Imithombo yezabantu	Imininingwane yomuntu siqu sakhe yabasebenzi ngamunye, iholo nezinzuzo ezikhokhelwayo, ukufaka izicelo ezimayelana nokuthatha uhambo ngomsebenzi, uhlelo lokuqondisa izigwegwe
	Umbhalo we-HR
	Imithetho yesikhwama sempesheni

Ezomthetho (Lokhu kubandakanya ubulungu)

Isihloko	**Imikhakha yolwazi**
Amafemu e-RAA	Abalingani nabaqeqeshwayo
	Imininingwane yokuthinthana
	Ukubhalelana mayelana nokuthile
	Izinombolo zokubhalisa

Ama-RAA ahamba ngawodwana	Amafemu angabalingani nabo
	Imininingwane ngokuxhumana
	Izinombolo zokubhalisa
	Ukufaka isicelo sokubhalisa
	Ukuxhumana/ukubhalelana mayelana futhi ngolwazi olumayelana nezikwelethu
	Ulwazi olumayelana nemali okufanele ikhokhwe
Izikhalo nge-RAA	Ifayela yokuqondisa izigwegwe equkethe ukubhalelana/ukuxhumana kanye nemibhalo okubhekiswe kuyo, okulotshwe kuthathwa ekulalelweni kwamacala, lapho kufanele khona
Ukwenzela I-RAA izicelo zokukwazi ukuthamela imibuthwano, ngokwejwayelekile, ngokumayelana nokuBizelwa eNkantolo.	Ifayela equkethe imininingwane yazo zonke izicelo zokukwazi ukubonana kwe-RAA nokubhalelana /ukuxhumana okuhambelana nalokhu ukubhalelana izincwadi kanye nemibhalo okubhekiswe kuyo, okulotshwe kuthathwa ekulalelweni kwamacala, lapho kufanele khona
Ukuziveza ngokukhohlisa	Imininingwane yezibonelo zabantu abaziveza beyi-RRA okuphikisana nokwesigaba 14 soMthetho we-PAA.
Izinto ezingalungile/ezingahambi ngomthetho	Imininngwane yezinto ezingahambi ngokufanele ezibikelwa I-PAAB zibikwa yi-RAA ngokwesigaba 20(5) soMthetho we-PAA nokubhalelana/nokuxhumana lapho kufanele khona.

Imfundo Nokuqeqesha

Isihloko	**Imikhakha yolwazi**
Ukuhlolwa okubizwa iPublic Practice Examination (PPE)	Ukuphatha – indawo nalabo abengamele labo abahlolwayo
	UmHlahlandlela wabaFundi mayelana ne-PPE
	Ifomu Labafundi Lokufaka Isicelo (ligcinwa isikhathi obukhulu baso buyizinyanga eziyisithupha (6) ngemva kokukhishwa kwemiphumela)
	Ukuphawula okutholakale kulabo abethula banikeze izinhlelo ezamukelekile
	Amaphepha abafundi amakiwe (agcinwa isikhathi obukhulu baso buyizinyanga eziyisithupha (6) ngemva kokukhishwa kwemiphumela)
	Izibalo ezisemthethweni ezibonisa ukuma kwesimo kanye nokukhishwa kwemithombo yezindaba
	Isilabhasi Yokuhlolwa
	Imiphumela yabafundi (uphumelele/awuphumelelanga)

Ukwemukelwa nokuqashelwa kwezinhlelo ezisiza ukungeniswa ku- PPE	Uhlelo Lwezemfundo Ephakeme Olwamukelwe
	Uhlelo Lokuhlola Olungumongo
	Uhlelo Lokuqeqesha Olwemukelwe
	Uhlelo Lwezemfundo Olwemukelwe

Izinkontileka zokuqeqesha	Izinkontileka zokuqeqesha ezifeziwe
	Izinkontileka zokuqeqesha ezisasebenza
	Ulwazi oluphathelene nokukhokhwayo
Uhlelo olunqamulelayo lokuqhutshekiselwa phambili kwabamnyama	Izincwadi ezibhalwayo ezithinta noma yini
	Imininingwane yabethula uhlelo lolo
	Izisekelo okusetshenzelwa phezu kwazo
	Amaminithi
	Ukulawula- izindawo,okuhlanganwa kuzo, ezokuhamba, indawo yokuhlala

Ucwaningo – Ezemfundo nezokuqeqesha	Ukuhlolwa okwenziwa kubhekwe ezincwadini ezivuliwe ngabafundi
	Ukubukezwa kwezidingo zokwemukelwa ku-PPE
	I-FAESA – I-Future Accounting Education in South Africa
	I-SCIPU – I-Special Committee to Investigate Participation by Universities

Ukubukezwa kwezinkambiso

Ama-RAA ahamba ngawodwa	Izinsuku zokubukezwa kwezinkambiso
	Imiphumela yokubukezwa kwezinkambiso
	Imibiko yokubukezwa okuphinde kwenziwa
	Amazwi alotshiwe angafungelwa
	Ulwazi oluphathelene nokukhokhwayo
Imihlangano efundisayo emayelana nokubukezwa kwezinkambiso kanye nezilinganiso zokucwaningwa kwama-akhawunti	Amaphepha akhishwayo nezinye izifanekiso ezinolwazi

Izilinganiso zokucwaningwa kwama-akhawunti

Isihloko	**Imikhakha yolwazi**
Imithetho ekhishiwe	Izitatimende Zezilinganiso Zokucwaningwa Kwama-akhawunti ZaseNingizimu Afrika
	Izitatimende Zezilinganiso Zenkambiso Yokucwaningwa Kwama-akhawunti ZaseNingizimu Afrika
	Imibhalo esalungiswa ekhishwe yiKomiti Lezilinganiso Zokucwaningwa Kwama-akhawunti ukuze kuphawulwe ngayo
	Izincwadi zemibono eziqhamuka emphakathini
	Izincwadi zemibono ezithunyelwe ku-IFAC mayelana nemibhalo eveziwe esalungiswa ye-IAASB.

5. IMIKHAKHA YAMAREKHODI: UKUVEZWA KOLWAZI OKUZENZEKALELAYO NGOKWESIGABA 15 SOMTHETHO

Yize lesi sigaba soMthetho empeleni singasebenzi ku-PAAB, njengenhlangano kawonkewonke eyi'sigaba (b)(i)', senze uhla lwemikhakha elandelayo yolwazi etholakala ngaphandle kokuthi kwenziwe okuthile, ngaphandle kokuthi kudingeke ukuthi umuntu acele ukuthi ayithole ngokwezimiso zoMthetho:

Okwabaphethe

Ulwazi	**Izindleko**
Incwadi equkethe ulwazi	R70
Incwadizindaba iManeo	Ayikhokhelwa
Imibiko yonyaka	ayikhokhelwa
Umlando we- PAAB 1951 – 2001 (incwadi)	R50

Ezomthetho

Ulwazi	**Izindleko**
Irejista yamalungu (kucashunwa kuyo)	ayikhokhelwa
Irejista yefemu (kucashunwa kuyo)	ayikhokhelwa
Uhla lwama-RAAs ("iBlue Book")	R100
Izincwadi ezifakazela ukuziphatha kahle	azikhokhelwa

Ezemfundo nokuqeqesha

Ulwazi	**Izindleko**
Ulwazi olweluleka ngemisebenzi engenziwa usuqede ukufunda	alukhokhelwa
Incwadi enikeza isiqiniseko ngokuqedelwa kwenkontileka yokuqeqesha	ayikhokhelwa
Incwadi enikeza isiqinisekiso sokuqedela izidingo zokuhlolwa	ayikhokhelwa
Ikhophi elifakazelwe lweNkontileka Yokuqeqesha efeziwe	R75
Incwadi ebizwa ngokuthi yi"Recognition Model"	R100
Umhlahlandlela omayelana nabangenela ukuhlolwa kwe-PPE	awukhokhelwa
Amaphepha okuhlolwa okwenziwe eminyakeni eyedlule (agcina ku-2001)	R20 (iPhepha ngalinye)
Okuphawulwe ngabahloli kanye nezimpendulo eziphakanyiswayo zephepha lokuhlolwa: Incwajana isuka ku-PPE ka-2002	R100
Izitifiketi ezimayelana nokuqedelwa kwezidingo zezemfundo nezokuqeqeshwa	R150
Isilabhasi yokuhlolwa	ayikhokhelwa

Izilinganiso zokwuhlolwa kwama-akhawunti

Ulwazi	**Izindleko**
Izitatimende Zezilinganiso Zokucwaningwa Kwama-akhawunti nezezinkambiso	azikhokhelwa
Amaphepha asalungiswa alokho okuvezwayo	awakhokhelwa

6. IZINCAZELO ZEZINSIZAKALO EZITHOLAKALAYO KUMALUNGU OMPHAKATHI KANYE NOKUTHI LOKHU KUNGAKUFINYELELWA KANJANI *[Isigaba 14(1)(f)]*

Umphakathi ungathola izinsizakalo ezilandelayo ku-PAAB:

Ezabaphethe

- Usizo olunikezwa amalungu omphakathi mayelana nokuthi imibhalo eshicilelwe eyahlukahlukene yeBhodi ingatholwa kanjani (okusho ukuthi Umbiko Wonyaka, Incwadi Yolwazi, Izincwadizindaba zeManeo, Incwadi Eluhlaza (Blue Book) kanye nencwadi Yomlando Webhodi.

Indlela yokukufinyelela
Izicelo ezibhaliwe kanye nenkokhelo efanele zingaqondiswa emahhovisi e-PAAB noma imibhalo leyo ilandwe ngqo kulawo mahhovisi noma ngokusebenzisa i*website*. Incwadi Yolwazi ingabuye itholwe kulabo abasimele ezindaweni ezahlukene eKapa, eWestville naseBloemfontein.

Ezomthetho

- Usizo kumalungu omphakathi anemibuzo ngokubanzi emayelana nokuziphatha kwe-RAA, iMithetho yokuqondisa izigwegwe kanye nenkambiso yokuziphatha kwe-PAAB, kanye nokuthi isikhalo singafakwa kanjani.

Indlela yokulufinyelela
Imibuzo ingadingidwa ngokuthi umuntu ahlele isikhathi sokuthi azizele yena luqobo, ngocingo noma ngokubhaliwe, noma ngokusebenzisa i*website* yethu.

- Usizo kumalungu omphakathi anemibuzo ebanzi mayelana nesimo esithinta ukubhaliswa kwe-RAA kanye namafemu ama-RAA.

Indlela yokulufinyelela
Imibuzo ingadingidwa ngokuthi umuntu ahlele isikhathi sokuthi azizele yena luqobo, ngocingo noma ngokubhaliwe, noma ngokusebenzisa i*website* yethu.

- Ukuphenywa nokushushiswa kwezikhalo eziphathelene nokuziphatha okungafanele kwama-RAA.

Indlela yokkuufinyelela
Noma yiliphi ilungu lomphakathi noma inhlangano ingafaka isikhalo mayelana ne-RAA uma libona ukuthi i-RAA inecala lokuziphatha okungafanele. Lokhu kufanele kwenziwe ngokufaka isicelo esingamazwi abhaliwe abuye afungelwa.

Ezemfundo nokuqeqesha

- Usizo kumalungu omphakathi anemibuzo mayelana nezidingo eziphathelene nezemfundo, ukuqeqeshwa nokuhlolwa ukuze ubhaliswe njenge-RAA.

Indlela yokulufinyelela
Imibuzo ingadingidwa ngocingo noma ngokubhaliwe, noma ngokusebenzisa i*website* yethu. Emahhovisi ethu kungatholakala nombhalo obeka zonke izidingo ezifanele uma uceliwe lowo mbhalo.

- Usizo kulabo abangahle bazongenela ukuhlolwa mayelana nezidingo zokungeniswa lapho kanye nezindlela ezilandelwayo mayelana nokubhalisela ukuhlolwa.

Indlela yokulufinyelela
Imibuzo ingadingidwa ngocingo noma ngokubhaliwe, noma ngokusebenzisa i*website* yethu. Emahhovisi ethu kungatholakala nombhalo obeka zonke izidingo ezifanele uma uceliwe.

Ukubhalisela iPublic Practice Examination (PPE) kuyavulwa njalo mhla zi-1 kuJulayi minyaka yonke. Amafomu okufaka izicelo ayatholakala kuwo wonke amanyuvesi namafemu anesifakazelo esifanele naku*website* ye-PAAB. Ababhalisela ukuhlolwa bathola umhlahlandlela mayelana nokuhlolwa lapho ukubhaliswa kwabo sekuthole isiqinisekiso. Umhlahlandlela wokuhlolwa uqukethe imithetho ebekiwe yokuhlolwa, isilabhasi yokuhlolwa kanye nokuholwa mayelana namasu okuhlolwa. I-PPE yenziwa njalo ngonyaka, imvamisa ngoNovemba. Imiphumela imvamisa iye ikhishwe ngasekupheleni kukaFebruwari wonyaka olandelayo.

- Ungayithola kanjani imiphumela yokuhlolwa

Indlela yokuyifinyelela
Ulwazi mayelana nokuthi umuntu othile ongenele ukuhlolwa uphumelele noma wehlulekile yini ekuhlolweni okusanda kwenziwa yi-PAAB luyatholakala emahhovisi ethu.

I-PAAB ikhipha imiphumela yokuhlolwa njalo ngoFebruwari. Le miphumela isatshalaliswa kubethuli abemukelwe bezinhlelo zemfundo, zokuqeqeshwa nemfundo ephakeme futhi ibuye itholakale emabhodini ezaziso emahhovisi ethu eBruma kanye naku*website* yethu. Ngaphezu kwalokho, kunohlelo lwe-IVR olutholakala kwaVODACOM ukuze abangenele ukuhlolwa bathole imiphumela yabo. Inombolo yocingo ithi, 082 230 3200. Ukufinyelela imiphumela, abangenele ukuhlolwa kufanele bacindezele inombolo okungeyabo bodwa eyinkomba bese belandela imiyalo.

- Angatholakala kanjani amaphepha eminyaka eyedlule yokuhlolwa

Indlela yokuwafinyelela
Amalungu omphakathi angathintana namahhovisi e-PAAB acele ikhophi angayisebenzisa yamaphepha okuhlolwa esikhathi esedlule. Kunemali ekhokhwayo ngalokhu. Inkokhelo kufanele ifike ngaphambi kokuthi kukhishwe ulwazi lolo.

- Lungatholakala kanjani uhla lwamalebula abangenele ukuhlolwa

Indlela yokulufinyelela
Amalungu omphakathi angathintana namahhovisi e-PAAB acele uhla lwamalebula alabo abangenele ukuhlolwa ababhale ukuhlolwa kokugcina kwePublic Practice Examination, Kunemali ekhokhwayo ngalokhu. Inkokhelo kufanele ifike ngaphambi kokuthi kukhishwe ulwazi lolo.

- Singatholakala kanjani isitifiketi sokufeza izidingo zezemfundo nokuqeqeshwa

Indlela yokusifinyelela
I-PAAB inefomu elifanayo lokufaka isicelo elitholakala emahhovisi ethu kanye nakuwebsite yethu. Ngemuva kokuthola ifomu lesicelo kanye nemali ekhokhwayo edingekayo, isitifiketi siyenziwa bese sithunyelwa ngendlela ephephile. Abafakizicelo kumele balinde isikhathi esiyizinyanga ezi-3 okungenani ukubonelela ukwenziwa nokulethwa kwaso.

- Singatholakala kanjani isiqinisekiso sokuqedelwa kweNkontileka Yokuqeqeshwa

Indlela yokusifinyelela
Amalungu omphakathi angafaka isicelo esibhaliwe esinemininingwane egcwele yalowo obeqeqeshwa. Ulwazi olukumarekhodi ethu luyaqinisekiswa bese kukhishwa incwadi yesiqinisekiso ekhishwa ifana njalo. Ayikhokhelwa leyo ncwadi.

- Singatholakala kanjani isiqinisekiso sokufezwa kwezidingo zokuhlolwa

Indlela yokusifinyelela

Amalungu omphakathi angafaka izicelo ezibhaliwe ezinemininingwane egcwele yalowo obeqeqeshwa. Ulwazi olukumarekhodi ethu luyaqinisekiswa bese kukhishwa incwadi yesiqinisekiso ekhishwa ifana njalo. Ayikhokhelwa leyo ncwadi.

- Ingatholakala kanjani ikhophi eqinisekisiwe yeNkontileka Yokuqeqesha efeziwe

Indlela yokuyifinyelela
Amalungu omphakathi angafaka izicelo ezibhaliwe ezinemininingwane egcwele yalowo obeqeqeshwa. Ikhophi elinesiqiniseko leNkontileka Yokuqeqesha izokwenziwa bese yedluliselwa elungwini lomphakathi. Kunemali ekhokhwayo ngalokhu.

- Ingatholakala kanjani ikhophi yeNcwadi ethi “Recognition Model”

Indlela yokuyifinyelela
Izicelo zingaqondiswa ngqo emahhovisi ethu futhi nombhalo lo uyatholakala ngaso leso sikhathi. Kunemali ekhokhwayo ngalokhu. Inkokhelo kufanele ifike ngaphambi kokuthi umbhalo ukhishwe.

Izilinganiso zokucwaningwa kwama-akhawunti

- Usizo olunikezwa amalungu omphakathi anemibuzo ebanzi mayelana nezilinganiso zokucwaningwa kwama-akhawunti.

Indlela yokuzifinyelela

Imibuzo ingalethwa ngumuntu uqobo lwakhe ngokuthi kuhlelwe isikhathi, ngocingo noma ngokuthi ibhalwe, noma ngokusebenzisa i*website* yethu.

7. UKUHLANGANYELA EKWAKHIWENI KWEMIGOMO / EKUSETSHENZISWENI KWAMAGUNYA / EKWENZIWENI KWEMISEBENZI *[Isigaba 14(1)(g)]*

I-PAAB inquma imigomo nokusetshenziswa kwamagunya ewanikezwa nguMthetho we-PAA futhi isizwa kuleyo misebenzi ngamakomiti ehlukahlukene. Izinqumo zikhishwa yibandla leziphathimandla elihlala likhona njalo.

8. INCAZELO YEZIXAZULULO EZITHOLAKALAYO MAYELANA NOMTHETHO OTHILE NOMA UKWEHLULEKA KWE-PAAB UKULANDELA IZINYATHELO EZITHILE *[Isigaba 14(i)(h)]*

Izixazululo ziba luhlobo oluza ngesicelo esilethwa eNkantolo ngokweszigaba 78 nesigaba 79 soMthetho.